**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KUKAMEYI/ JUNI 2016**
**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**
**IBANGA LESHUMI NANYE(GRADE 11)**

**IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)**

**ISIKHATHI: 2 amahora** **AMAMAKI:70**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- **Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.**
- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Landela imiyalelo njengoba uyinikiwe umbuzo ngamunye.**
- **Bhala ngesiZulu esihle nopelomagama olufanele.**
- **Bhala umsebenzi ohlanzekile.**

## ISIQEPHU A : IZINYEMBEZI ZOTHANDO: D.B.Z. NTULI(umhleli)

1.Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele** lapho kungashiwongo khona okuhlukile.

> "Kulungile phela noma singcolile kodwa dedela uRhoda ageze ukuze kunqandeke nokopha lapho umlimaze khona! Woza ngapha ekamelweni MaSibisi sizokhuluma le ndaba!"
>
> "Angayigeza kanjani ingozi uRhoda wakho lona njengoba ngisazomphinda enye nje?" kusho uJosephine.
>
> "Kulungile phela, yize noma usazomphinda. Woza ngalena sikhulume ngikuchazele."
>
> "Akukho manga ongangitshela wona mina Ngobese ngoba ubufakazi nginabo bonke, nabu!" esho ekhipha iphepha lokubhalela elingenalutho emabeleni akhe.
>
> "Njengoba lelo phepha lingenalutho nje, bukuphi-ke lobo bufakazi?" kumangala uNgobese.
>
> "Kanti-ke uzolibona ngoba labhalwa nguwe nje ucabanga ukuthi uyangeqisela kanti ushaye phansi, kunjani-ke manje?" esho epikla uMaSibisi.
>
> "Woza-ke sihlale phansi ukuze ngilifunde nami lelo phepha lakho." Wavuma uJosephine, bashiya uRhoda endlini yokugezela baya ekamelweni lakhe uRhoda.
>
> UJosephine wafike wahlala sakuzilahla embhedeni kaRhoda washo wahlina wabamba esiswini wagqiha. "I! I! I! Awu, ngafa yise kaThoko!" esho elahla phansi ipheshana lelo kanye nesiqwayana sompentshisi esabe sesivavekile ngenxa yomsebenzi esasikade siwenza kuRhoda.
>
> "Yini? Kwenzenjani MaSibisi? Ngabe usudliwa yini ukade ungenalutho nje?"

1.1.Ngobani amagama alaba abaphendulana kulesi siqephu? (2)
1.2.Bakuphi laba abakhuluma la? (1)
1.3. Kungani uMaSibisi ezovimbezela uRhoda ngesiqwayi? Bhala **amaphuzu amabili.** (2)
1.4. Ubani igama lengane kaMaSibisi endala? (1)
1.5. Bufakazi buni lobu uJosephine athi unabo ngalokhu akushayela uRhoda? Bhala **amaphuzu abe mathathu.**
(3)
1.6.Wayesebenza msebenzi muni uNgobese ngaphezu kwalo ayewuqashelwe isikhathi esigcwele. (1)
1.7. Umlungu kaRhoda wayetha igama elithini ingane kaNgobese noMaSibisi? (1)
1.8. Yisho ukuthi lezi zitatimende **YIQINISO NOMA YIPHUTHA.**
1.8.1. UJosephine wayethandiswa amazambane athoswe omiswa. (1)
1.8.2. Igama likaNgobese uLovey. (1)
1.8.3. UNgobese wathola umklomelo wezinkulungwane ezinhlanu zamarandi. (1)
1.8.4. UNgobese noMaSibisi bathola ingane yentombazane ngalolu suku. (1)
1.9. Sifundosini osithola kule ndaba? Bhala isifundo bese usekela ngokuthi yikuphi endabeni okukunike leso sifundo. (3)

[18]

2. Funda isiqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

UMandlenkosi uke afikelwe umqondo wokuyeka ukuba yimvu yasesontweni, avele abe yindlavini uqobo lwayo. Ucabanga ukuvele athathe umfazi wakhe ayomfaka ekhaya kubo, yikhona ezoke abone ukuthi izoqhosha ngani leya ndoda. Uthi uma efaka leyo ndaba kubazali bakhe, kubonakale ukuthi abayinambithisisi kahle. Abazali bona bamkhuthaza ngokuthi kufanele abekezele lize lehle ithuku leli elisekhanda likamukhwe. Kuyobe kunini-ke mhla kwehla lelo thuku?

UMandlenkosi uke acabange nokuvele ayebe intombazane le, ayoyifihla lapho esebenza khona, kodwa abuye abone ukuthi ngeke kulunge ngoba nayo iyasebenza. Ingasuke yonakalelwe umsebenzi uma ingayeka umsebenzi iyohlala naye. Abazali bakhe bayathanda ukuthola umakoti kodwa ayikho into abangayenza uma uyise esaziqhenya ngomntwana wakhe. UMandlenkosi uvele abone ukuthi uzosala yedwa otakwini uma engadlubulundela, ebe umakoti wakhe. Uyothini uma sekuhliphizeka konke lokhu obesekuqoqiwe? Angaba yini nje uma kungabhidlika le nto eseyakhiwe yaze yafika kuleli zinga? Yingcuphe le! Phela angavele ayidube yonke leya mali eseyikhokhiwe umukhwe wakhe bese eyibhidliza yonke le nto. Kalula nje. Yini angabuye ayenze uMandlenkosi uma sekunjalo? Sesiside nalesi sikhathi ebekezelele le nto. Izinyanga ezine ezigcwele aziyona into yokudlala. Okubi wukuthi ulindele usuku angalwazi ukuthi luyokuba kumuphi unyaka nenyanga. Okubuye kumphathe kabi kakhulu, omakhelwane. Sebemenza inhlekisa manje. Babuza ukuthi ngabe umakoti uyelashwa noma uyethwasa yini?

2.1. Iyini ' leya ndoda' (umugqa 4) ngokobuhlobo noMandlenkosi? (1)
2.2. UMandlenkosi unankingani le emcasulile kule ndaba? (2)
2.3. Nhloboni yodweshu uMandlenkosi analo? Fakazela lolu dweshu **ngamaphuzu amabili.** (3)
2.4. Ake uchaze ukuthi zisho ukuthini lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe esiqeshini esicashuniwe.
2.4.1. Avele <u>abe yindlavini uqobo</u> lwayo. (2)
2.4.2. ukuthi <u>abayinambithisisi kahle.</u> (2)
2.4.3. Abekezele <u>lize lehle lelo thuku.</u> (2)
2.5. Xoxa ngamaphuzu <u>amathathu</u> ngokwakwenzekile kuze kufike kulesi simo akuso uMandlenkosi. (3)
2.6. Uma wawubhekene nesimo sokugcwaba umkakho ongahlali naye njengoMandlenkosi wena wawuyokwenzenjani? (2)

[17]

**AMAMAKI ESIQEPHU A:35**

**ISIQEPHU B**
**KUSA KUSA - S.P.NHLEKO**

3.Funda isiqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

> **ZENZILE:** *(Ecasukile)* Musa ukungisanganela wena. Angithi nakuleya nyanga ephelile uke wayisho le nto?
>
> **VUSI:** Yebo, ngike ngayisho. Ngize ngathumela nemininingwane yonke eyayifuneka.
>
> **ZENZILE:** Pho wena futhi usaphinda? Angithi ubonile ukuthi wehlulekile ekuqaleni? Uzolokhu wenzana nento eyodwa kuze kube nini? Kuyoze kube nini ngempela? Kufanele ngabe uthatha le mali ugibele ngayo, uma uyofesa.
>
> *(Ahlale embhedeni.)*
>
> **VUSI:** Phela izinsuku azifani. Mhlawumbe angathuka ucilo ezishaya endukwini.
>
> **ZENZILE:** *(Enxapha)* Ucilo wani?
>
> **VUSI:** Kahle phela ngolaka Zenzile.
>
> **ZENZILE:** Okwamanje uzishayaphi lowo cilo wakho owushoyo?
>
> **VUSI:** Kahle phela ngikuchazele.
>
> **ZENZILE:** Musa ukudlala ndoda. Awushintshe indlela ocabanga ngayo. Mina angisaboni kahle ukuthi kwenzekani.

3.1. Banobudlelwane buni laba abaxoxa lapha? (1)

3.2. Ubhekene nankingani umlingiswa onguVusi njengoba kuvela kulesi siqephu? Bhala kube **kubili**? (2)

3.3.Yini lena ebizokwenziwa uVusi la endlini ecasula uZenzile? (2)

3.4. Ngokokubona kukaZenzile kumele uVusi enzeni ?**Amaphuzu amabili.** (2)

3.5.UVusi uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqephu? Kufakazele okushoyo ngamaphuzu **abe mabili.** (3)

3.6. Chaza lesi simo sokukhuluma esilandelayo njengoba sisetshenziswe esiqeshini 'Mhlawumbe ucilo angathuka ezishaye endukwini' (2)

3.7.Qondanisa okuhambisanayo kulezi zinhla ezimbili.Bhala inombolo ka-Anohlamvu Okuhambisana nalo ku B.

| A | B |
|---|---|
| 3.7.1. uBonga<br>3.7.2.uMakhuzwayo<br>3.7.3. uShabalala<br>3.7.4. uMaNgobese | A.umnikazi wepulazi<br>B.unina kaMxolisi<br>C.isoka likaSebenzile<br>D.inkosikazi kaShabalala<br>E.induna yegalaji likaphethiloli |

(4)

3.8. Lo mdlalo wenzeka kuliphi idolobha lakwaZulu-Natali. (1)

[17]

4.Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

**VUSI:** Ngabe banjani?

**NOMCEBO:** *(Ebheka phansi.)* Heyi Vusi, laba bantu bakuvusela umunyu uma unabo.

**VUSI:** Banjani kanti Nomcebo?

**NOMCEBO:** USebenzile sebemfakele ingalo yensimbi, kanti uZenzile usehamba ngesitulo esinamasondo.

**VUSI:** *(Ethuka)* Hhayi bo! Nomcebo. Ubothi uyadlala.

**NOMCEBO:** Ngiqinisile impela. Ngingadlala kanjani ngendaba ebuhlungu kangaka.

**VUSI:** Yayinkulu kanti le ngozi?

**NOMCEBO:** Kusho lokho impela. Uboke uze nje nawe uzobabona. Ngiyethemba bazojabula.

**VUSI:** Ngeke nje bazitshele ukuthi ngizobahleka?

**NOMCEBO:** Cha, angikholwa.

**VUSI:** Ngcono ngize nawe ukhona yikhona bezozitshela ukuthi ngize kuwe.

**NOMCEBO:** Kulungile-ke uze ngoMgqibelo ngizobe ngikhona. Angizukuya ndawo.

**VUSI:** Noma kanjani angeke ngilenze iphutha.

4.1. Ngobani ababili laba uVusi athi banjani? (2)
4.2. Babeyaphi laba ababili baze bavelelwe yingozi? (igama ledolobha) (1)
4.3. Yiyiphi imfihlo eyaqhamuka ngamasoka alaba ababili emva kwengozi. (2)
4.4. Ingozi abalimala kuyo abangani bakaNomcebo yenzeka kuliphi idolobha? (1)
4.5. Iyiphi ingwijikhwebu esiyithola ekupheleni kwalo mdlalo.Bhala amaphuzu **abe mathathu.** (3)
4.6.Ngokucabanga kwakho baphetha ngokwenzani uVusi noNomcebo? Sekela impendulo yakho. (3)
4.7. Yimiphi imisebenzi emithathu etholwa uVusi kanye kanye ekupheleni kwalo mdlalo. (3)
4.8. Lithatha osemsamo limbeke ngaphandle...lithathe osemnyango limbeke emsamo. Lena yindikimba yalo mdlalo.Vuma noma uphike usekele ngokwenzeka emdlalweni. (3)

**[18]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B:35**
**AMAMAKI ESEWONKE :70**